



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI USHICILELO 178 • Okthoba 2015

## UHulumeni weseke uhlelo lomfelandawonye eKZN



**Bangu-262 ogandaganda abazosetshenziswa kulolu hlelo, okungangatshazwa ukuthi luzoletha uguquko oluhle kwezolimo futhi oluyoshiya abantu bekhaxile**

KwaZulu-Natal izongena ishone ephaketheni emizamweni yokweseka imifelandawonye ukuba ibe yisizinda esikhulu somnotho wezolimo emiphakathini yamakhosi esifundazweni sonkana. Lokhu kuqhamuke ngesikhathi uNdunankulu wesiFundazwe uMnuz Senzo Mchunu noNgqongqoshe

woMnyango wezoLimo eKZN, uMnuz Cyril Xaba bethula ngokusemthethweni uhlelo lokwesekwa kwemifelandawonye emcimbini obuseMpendle. Ilinganiselwa ezigidini zamarandi ezingu-238 imali ezosingatha lo msebenzi wokuguqula isimo sezolimo emiphakathini yasemakhaya njengoba kuqala

isikhathi sokuhlwaneyela emasimini ikakhulukazi kwabalima ummbila, ubhontshisi kanye namazambane.

Ukwethulwa kwalolu hlelo kuchazwe nguNdunankulu uMacingwane ngengokufezeka kwamagama enkehli kwazise bekusalokhu kunemihlangano ewuchungechunge ebizenziwa selokhu kwaqala uhlelo olusha

lokusebenza emnyangweni wezolimo. Manjena-ke sekuyisikhathi sovuthondaba njengoba sekuqala ukuthi kusetshenzwe kulandelwa imigudu yalokho obekukade kuhlelwa sonke lesi sikhathi. Imali ebaliwe izosiza imifelandawonye ezinze ezindaweni zamakhosi engu-144 ukuba isebenze umhlaba ongaba

ngamahektha angu-28 000 sekuhlanganiswe zonke izindawo.

Okubalulekile okuvelile ngesikhathi kunendumezulu yokwethula lo msebenzi kube ukuthi imifelandawonye izoba ngabanikazi bogandaganda bokulima okuyinto ebingakaze yenzeke phambilini.

**Udaba luyaqhubeka ekhasini 5**



UNdunankulu waKwaZulu-Natali UMnuz Senzo Mchunu, ehola umkhankaso wokulwa nokuhlukunyezwa kwamalungelo abantu abadala. Lapha uhambisana namalunga esiShayamthetho saKwaZulu-Natal kanye nabaholi bomphakathi. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

## IZINDABA EZIFINGQIWE

### KUGUJWE USUKU LWABADALA

UNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnuz Senzo Mchunu ugubhe usuku lomhlaba wonke lokuhliphisa abantu abadala olwaziwa nge International Day for Senior Citizens, ngokugcizelela isidingo sokuvikela amalungelo abantu abadala. Ubekhuluma emcimbini

obanjelwe ezinkundleni zemidlalo zaseNkanyiso, eNhlwathi ngaphansi komkhandlu waseMkhanyakude.

Lapha unxenxe umphakathi ukuba ubambisane noHulumeni ekulwiseni ubugebengu nokuhlunyezwa kwabantu abadala.

**KUHLOMULE ABALIMI ABASAFUFUSA EMPENDLE**

UNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnuz Senzo Mchunu noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya uMnuz Cyril Xaba, bahlomulise izinhlangano zabalimi abasebancane baseMpendle ngogandaganda nemali yokubalekelela ukuze basimame.

Kuzotshalwa izigidi zamarandi kulendawo, ukuze

imifelandawonye (Co-operatives) ihlomule ngogandaganda abathathu, nesheke lika R400 000 lokukhokhela abashayeli bogandaganda nokuqinisekisa ukuthi labogandaganda bayasebenza.

**UMCIMBI WOKWEMBULWA KOMFANEKISO KADOKOTELA MARGARET MNCADI** UHulumeni waKwaZulu-Natal

oholwa uMnumzane Senzo Mchunu umeme umphakathi wase Harry Gwala nezifunda ezisondele emcimbini wokuvulwa komfanekiso kaDokotela uMargaret Mncadi ozobe use Xopo-Morningside Sports Ground.

## Bekuhlangane ingqungquthela yeminyaka yonke yenhlangano ebhekelele inhlalakahle yabasebenzi

UNdunankulu neHhovisi lakhe kanye neminyango kaHulumeni bahlanganyele kwi ngqungquthela yeminyaka yonke employee professionals association of south africa, 2015



### J M GUMEDE

Hhovisi likaNdunankulu lithole ithuba lokuhlanganyela nezisebenzi emkhakheni wokunakekela izisebenzi zikaHulumeni ngokwemplilo nenhlalakahle ukuze ziwenze kahle umsebenzi wazo.

Lokhu kwenzeka engqungqutheleni yaminyaka yonke yenhlangano ebizwa nge EAPA-SA ebingo mhlaka 08 -11 September 2015 e Coastlands Umhlanga Hotel.

I-Employee Assistance Professionals Association of South Africa (EAPA - SA) yinhlangano engenzi nzuzo ebhekeni nokuthuthukisa umsebenzi namakhono ezisebenzi ezisiza ezinye izisebenzi uma zinezinkinga

ezinhlobo, yasungulwa ngaphansi kweSigaba 21 soMthetho Wezinkampani, 1973 (uMthetho 61 ka 1973).

Kulengqungquthela bekukhona izisebenzi emkhakheni wezimpilo yezisebenzi (employee wellness) ezivela eminyangweni ehlukeni kaHulumeni kuzozonke izifundazwe zaseNingizimu neAfrica, kanye namanye amazwe ayekhona okubalwa kuwo i-United Kingdom, Swaziland, Namibia, Botswana ne Malawi.

Kusihlwa mhlaka 10 September 2015 kwabanesidlo santambama asasihambisana nohlelo lokuklomekisa izisebenzi kanye nezinhlangano ezenze kahle kulomkhakha wezempilo

yezisebenzi. Olisekela likaMqondisi —Jikelele eHhovisi likaNdunankulu wathola ithuba lokuthula inkulumo yosuku egameni likaNdunankulu nesiFundazwe sakwaZulu-Natali.

Okuphawulekayo ukuzinikela kwalesisifundazwe ukuthuthukisa izinga lempilo yezisebenzi ukuze zikwazi ukunikezela umphakathi izidingo ezibalulekile ngokushesha.

IHhovisi likaNdunankulu lalekelela ohlelweni lokuhambisa umnikelo wezinsiza ezahlukeni kwisakhiwo esisiza umphakathi i-Waterloo Drop-in-Centre esiseduze neVerulam lilekelela iBhodi le EAPA – SA ngaphansi kohlelo lwe-Corporate Social Investment Project.

UMnu JM Gumedde ongumphathi eHhovisi likaNdunankulu ngaphansi kohlelo lokunakekela izisebenzi zikaHulumeni ngokwemplilo nenhlalakahle



UNdunankulu waKwaZulu-Natali UMnuz Senzo Mchunu, uphahlwe yiMeya waseBuhlebezwe UMnuz ZD Nxumalo noMnuz Siyabomga Gama oyisikhulu esiphethe inkampani yezitimela iTransnet basayinde isivumelwano ngesikhathi iTransnet inikezela ngekhandla lesitimela esizosetshenziselwa ukuthuthukisa ezokuvakasha endaweni yaseXobho. **Isithombe: YOLANDA ZONDI**

## UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UNIKELA NGESITIMELA SEZOKUVAKASHA EBUHLEBEZWE

Abakwa Transnet basivuma isicelo sikaNdunankulu banikela ngamakhanda amabili. Ikhanda lilinye libiza izigidigidi zamarandi

### CALLISTUS BHEKI NKWANYANA

UNdunankulu wakwaZulu Natal uMnuz Senzo Mchunu, uhambele uMasipala wase Buhlebezwe ngaphansi kwesifundo sase Harry Gwala. Lapha ubezonikezela ngekhandla lesitimela esinikelwe ngabakwa Transnet. Lapha ubephelezela owakwakhe uNkk Thembeka Mchunu (KZN first lady), uNgqongqoshe wezemfundo UNkk Peggy Nkonyeni kanye neMeya kaMasipala waseHarry Gwala. Inhlolo yaloluhambo bekuwuku

vuselela ezokuvakasha kanye namagalelo ombhali u Alan Paton owaduma kakhulu ngenchwadi yakhe, ethi "Cry the beloved country". Lencwadi isuselwe kuyona lendawo yaseXobho eCaris Brooke. Baniyi abavakashi abahambela lendawo belandela umgudu ka Alan Paton ukuze bezozibonela mathupha lendawo ekubhalwe ngayo encwadini.

Lababavakashi bafike bashiye umcebo owakha amathuba omsebenzi, ngokudla kanye nokulala kwezivakashi endaweni

yaseXobho. Bafike bagibele isitimela sokuvakasha behle esiteshini eCaris Brooke baye esikoleni eCaris Brooke lapha abamba khona iqhaza elikhulu uMnu u-Alan Paton. Phambilini, isitimela sokuvakasha besihamba ngesikhathi sasebusika ngenxa yokwesabela ukuthi singathungela umlilo ngoba sihamba ngamalahle.

Lokhu bekudala ukuncipha kwezivakashi kulendawo.

UNdunankulu waluzwa loludaba wabe esengenelela waxhumana nabakwa Transnet ngenhloso

yokubacela ukuba banikele ngekhandla elihamba ngo dizili (diesel). Abakwa Transnet basivuma isicelo sikaNdunankulu banikela ngamakhanda amabili.

Ikhanda lilinye libiza izigidigidi zamarandi. Lokhu sekuzokwenza ukuhamba ngesitimela sezokuvakasha kwenzeka unyaka wonke. Kuzophinde kudaleke amathuba omsebenzi amaningi.

Akagcinanga lapho uNdunankulu, udlulele eCaris Brooke Primary School lapho efike wathula usonkontilaka ozolungisa isikole

aphinde akhe enye ingqalasizinda ezokwenza isikole sibe sezingeni lesimanje. UNkk Nkonyeni uchaze kabanzi ngazozonke izinto ezizokwenziwa umNyango wakhe ukuthuthukisa izinga lokufunda kulendawo. UNkk Mchunu wafunda khona eCaris Brooke emazingeni aphansi. Lomsebenzi ozokwenziwa kulesisikole uzodla izigidi ezingaphezulu kwamashumi amabili nambili zamarandi. Izinkumbi zabantu zakuthakasela ukubona uNdunankulu ezothula loluhlelo endaweni yabo.



## ITHINI IMIBONO YABANTU?



**Shaida Mahomed** iyamba lenqola siwofakazi

Like · Reply · 5 October at 10:51



**Thembie E Shoba** injalo indaba sizibonele ngawethu indoda ifika ekhaya iphethe isitimela ngisho lesi esishayisa umuntu simbulale. ...angikhulumi ngethoyizi.

Like · Reply · 5 October at 16:21



**Gwen Queh Mchunu** Macingwane, Nyanda yeMkhonto, Jama kaSlwane, Ndabezitha!!! Qhubeka njalo nemisebenzi emihle esifundazweni sethu.

Like · Reply · Message · 5 October at 14:25



# OKUNGAPHAKATHI



## UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UNIKELA NGESITIMELA SEZOKUVAKASHA EBUHLEBEZWE

### IKHASI 3

UNDunankulu waluzwa loludaba wabe esengenelela waxhumana nabakwa Transnet ngenhloso yokubacela ukuba banikele ngekhandha elihamba ngo dizili (diesel). Abakwa Transnet basivuma isicelo sikaNDunankulu banikela ngamakhanda amabili.

## UHULUMENI WESEKA UHLELO LOMFELANDAWONYE KWEZOLIMO

### IKHASI 5

Bangu-262 ogandaganda abazosetshenziswa kulolu hlelo, okungangathazwa ukuthi luzoletha uguquko oluhle kwezolimo futhi oluyoshiya abantu bekhixile uma lusukunyelwe ngokukhulu ukuzimisela yizinhlaka zonke ezithintekayo.

## OWEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL USUKULUNGELE UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI

### IKHASI 7

UMnynago weZemfundo KwaZulu-Natali usukulungele ukungamela ukuhlolwa kwebanga leshumi kwango 2015. Bangu 201 150 sebebonke abafundi abazohlalela ukuhlolwa kwebanga leshumi.

## UCWANINGO LOKUHLOLA UKWANELISEKA KWABANTU NGOMSEBENZI KAHULUMENI

### IKHASI 13

Abantu abalindeleke ukuba banikeze izimpendulo kulolu cwaningo I-CSS 2015 yiwona onke lawomalunga emizi ekhethiweyo abaneminyaka yobudala eyi-15 nangaphezulu.

## UKUTHUTHUKA KOMKHAKHA WEZOLIMO KUMELE KUHAMBIKANE NOCWANINGO OLUSEZINGENI ELIPHEZULU

### IKHASI 15

Isiteshi socwaningo lwezolimo esizize eDundee siwusizo olukhulu emphakathini wesiFunda soMzinyathi namaphethelo futhi sibambe elikhulu iqhaza ekuhlomiseni abalimi ngolwazi olunembile lokuthuthukisa imisebenzi yabo.

# MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**

**Umhleli omkhulu:** Thamsanqa Ngwenya

**Umhleli wezindaba:** Regi Khumalo

**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza


**Abezithombe:**

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



# UHULUMENI WESEKA UHLELO LOMFELANDAWONYE KWEZOLIMO

UMnyango uzohlala iminyaka emithathu nomfelandawonye kuze kube yilapho usukwazi ukuzimela wona siqu.

## SIMPHIWE NDWANDWE

**B**angu-262 ogandaganda abazosetshenziswa kulolu hlelo, okungangatshazwa ukuthi luzoletha uguquko oluhle kwezolimo futhi oluyoshiya abantu bekhixile uma lusukunyelwe ngokukhulu ukuzimisela yizinhlaka zonke ezithintekayo.

UMhlonishwa uXaba uthe abantu abakaboni lutho ngalolu hlelo, kodwa basazobona okwengeziwe. “Kuseyisiqalo lesi. uMnyango uzoqinisekisa ukuthi uguqula isithombe abantu abanaso mayelana nezolimo.

Sizibophezele ekwenzeni isifundazwe sibe luhlaza cwe futhi abalimi bazoba neqhaza elicacile abazolibamba emnothweni wesifundazwe nezwe lonkana,” kusho uXaba.

Ibhizinisi, ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi nokuphakela izimakethe yikhona okuzobe kushayela lolu hlelo.

Futhi okunye okusemqoka ngokusho kukaXaba ukuthi uma uhlelo seluhamba ngesivini abasifunayo kuyoze kubuye nalabo asebazinza emadolobheni ngenxa yokuthungatha imisebenzi.

“Kumele babuye nabo bazosebenza emuva emakhaya ngoba imisebenzi iyobe isikhona lapho besuka khona.

Impilo isenhlabathini ngakho-ke kumele bazi ukuthi bangaphila ngokusebenza inhlabathi,” kusho uXaba.

Lolu hlelo lusebenza ngokuthi uMnyango uhlonze indawo okungasetshenzwa kuyo engumhlaba ongamahektha ayikhulu bese kunikelwa enkosini

yaleso sizwe kuyoshaywa indesheni ukuze inikele ngalowo mhlaba.

Uma umhlaba inkosi iwudedela kube sekuhlomula abantu bayo njengalokhu kuqashwa abantu ukulima okusemthanjani yabo yegazi.

Kuba ngabantu abanomlando owaziwayo wokuzikhandla kwezolimo ukuze baqeqeshwe baze babe ngongoti kuleso sitshalo esisuke sihlelwe ukukhiqizwa lapho.

Njengalokhu umhlabathi usuke usuhloliwe sekwaziwa ukuthi isitshalo esinohlale lapho yisiphi kube sekungena ukucutshungulwa kwmaphepha kanye nodaba olukhulu lokwabiwa kwezimali ukuze ziphathe umsebenzi lowo.

Ngokungafani nendlela ebiyenziswa phambilini nguMnyango yokuxhasa abantu ngemali, kwezinye izikhathi ebiphelela ezandleni njengocwephe lwensipho, lolu hlelo lusebenza ngamavawusha.

Amavawusha kuthengwa ngawo umanyolo, imbewu nokunye okudingekayo ukuze isithombo sikhule sibe nempilo siqhakaze emhlabathini.

Okunye kulethwa uMnyango sekuthengiwe njengamagaja nogandaganda.

Imali ize ingene lapho sekukhokhelwa umshayeli kagandaganda nodizili.

UMnyango uzohlala iminyaka emithathu nomfelandawonye kuze kube yilapho usukwazi ukuzimela wona siqu.

Zikhathi zonke uMnyango uzolokhu ubeke iso kukho konke



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Cyril Xaba ubethokozile ngesikhathi yena noNdunankulu wesiFundazwe uMnuz Senzo Mchunu benikela ngezinsiza kulima emndenini wakwaZuma esigodini saseNzinga eMpendle. Obukelayo yiNkosi yaKwaNxamalala u-S Zuma.

okwenziwayo ngenhloso yokuthi kungabi khona okuyokhinyabeza inqubekela phambili yomsebenzi.

Njengoba sekuke kwashiwo, ukungena kwalolu hlelo kuqhamuke esikhathini lapho bekunozikhala eziningi mayelana nokusebenza kogandaganda njengoba imiphakathi yayithi basebenza bekhetha amabala.

Lokhu kusukunyelwe kakhulu eMnyangweni ngoba bese kuthela ngamachaphazelo imisebenzi ebixhaswe yiwo uMnyango ekugcineni ebifadalala sekukhishwe ezishisiwe izimali yesekwa.

Ngakho-ke ukunikezwa kwemifelandawonye ithuba lokuthi

kube yiyo elawula ukusebenza kogandaganda kuzokwenza sishabalale isihlava semidonsiswano futhi kungaba kusaba khona okhomba omunye esweni omunye avikele iso lakhe.

Okunye okwabekwa ezithebeni yindaba yokubambezeleka kogandaganda nembewu uma kumele kulindwe uMnyango ukulethe esikhundleni sokuthi abantu baziphathele ogandaganda futhi babe nendlela elula yokuthenga imbewu kungaze kwedluyle isikhathi okufanele ngabe sebesemasiminisi ngaso.

Uhlelo olusha luzokwemboza zonke lezi zingxaki. Ngesikhathi kwethulwa uhlelo

uNdunankulu uMacingwane ukusho kwagcwala umlomo ukuthi uhulumeni awuzogcina ngalokhu nje kuphela kodwa ziza ngohologo izinhlelo eziningi okushoswe ngazo ukusimamisa abantu basemakhaya nesiFundazwe ngokubanzi.

UMchunu uthe ingcabha isisele nezakhamizi kuhlanguanisa nabasebenzi beminyango ukuqinisekisa ukuthi zonke lezi zinto ezihleliwe ziyaphumelela futhi zisetshezwane ngomkhulu umfutho ukuze kuthuthukiswe isiFundazwe nezwe lakithi.

## Kwexwayiswe izakhamuzi ngobungozi bomlilo wequbula

### SENZO MZILA

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu esiFundazwe saKwaZulu-Natali oholwa nguNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube usukhiphe isexwayiso kwizakhamuzi mayelana nobungozi bomlilo wequbulo njengoba isiFundazwe sibhekene nesomiso esesidale umonakalo abalelwa kwimali engaphezu kuka-R1 billion.

Ngokusho kukaDube-Ncube, isomiso lesi esibhekene nesiFundazwe sinemithelale engemihle kakhulu, njengoba amathuba okuthi kubekhona imililo yequbulo asenyuke kakhulu, ezindaweni ezinotshani obomile.

“Sifisa ukuthi zonke izakhamuzi zethu zithathe izinyathelo ezifanele zokuqinisekisa ukuthi aziwuqali umlilo ezindaweni ezingafanele njengoba umonakalo ongalalwa iyimililo yequbulo esiFundazweni sethu ungabamningi kakhulu” kusho uNzwakele.



Umonakalo owadala ngumlilo wequbulo endaweni yaseKokstad onyakeni owedlule.

Onyakeni owedlule lesiFundazwe sabhekana nomlilo wequbulo endaweni yaseHarry Gwala

eKokstad owadlula nemiphefumulo yabantu abathathu endaweni yaseBrookside ePulazini.

Lesi sehlakalo saphinde sabhubhisa imfuyo okubalwa kuyo izinkomo ezingu-270 izimvu

ezingu-400 kanye nemizi engaphezu kuka-20.

“Lomonakalo esawubona onyakeni owedlule asifisi ukuthi uphinde wenzeka, yingakho sizwayisa zonke izakhamuzi ukuthi zihlale zigadile loluhlobo lomlilo.

Abantu ababhemayo, kufanele baqaphele kakhulu bangazilahli izinqamu zikagwayi otshanini kakhulukazi ezindaweni ezivulekile” kuqhubeka uDube-Ncube.

Uma kwenzeka ubona umlilo wequbulo kubalulekile ukuthi uxhumane nabosizo oluphuthumayo nezicisha mlilo, ukuze bakwazi bazowucisha lomlilo.

Kubalulekile ukuthi ungasondeli nhlobo endaweni lapho kukhona khona lomlilo, njengoba lokhu kusuke kungukuzibeka engozini, ngoba lomlilo ukwazi ukuhamba amabanga amade, ngesikhathi esifushane.

# UMKHANKASO WOKULWA NOKUDLWENGULA OHOLWA UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL

**Ukudlwengula kuyicala:** ungabhadla ejele impilo yakho yonke uma kutholakala ukuthi ulale nomuntu ngaphandle kwemvume yakhe

## BHEKI MKHIZE

**U**Ndunankulu wesiFundazwe sakwaZulu-Natali, uMnu Senzo Mchunu nethimba lakhe lo Ngqongqoshe usezwakalise ilaka lakhe ngezinga elikhulu lokudlwengulwa kwabantu besifazane nezingane kulesiFundazwe.

Amacala ahlobene nokudlwengula asedlondlobale kangokuthi uNdunankulu useqoke ukuthi uHulumeni aphume umkhankaso wokuqwashisa imiphakathi ngaleninga.

Mhla ziyi 19 June 2015 uNdunankulu waqala ngokusemthethweni umkhankaso olwisana nokudlwengula, wabe esenxenxa zonke izakhiwo zikaHulumeni ukuthi zizibandakanye nalomkhankaso.

Kunezinto ezibalulekile okumele wonke umsebenzi kaHulumeni azazi kanye nomphakathi okumele uzazi futhi uziqikelele, esingabala kukho lokhu okulandelayo;

- Ukudlwengula kuyicala: ungabhadla ejele impilo yakho yonke uma kutholakala ukuthi ulale nomuntu ngaphandle kwemvume yakhe.

- Uma umuntu wesifazane ethi uCHA, usuke ethi CHA: ungalokothi uzibandakanye ocansini nomuntu osheshilo ukuthi CHA, lalela wenze njengoba eshilo.

- Ungalokothi uye ocansini nomuntu osedle kwaze kweqa amanzi amponjwana (utshwala): amanzi wenze njalo ungazidonsela amanzi ngomsele, ngoba lo womuntu angaphika ahlanze obangayizolo, athi yena akazange avumelane nawe ukuya ocansini.
- Kuyicala elibomvu ukuya ocansini nengane eneminyaka engaphansi kweyi 18.

Kumele wazi ukuthi ukuvumelana nengane ukuthi niye ocansini akukho emthethweni, ungabhadla ejele ngoba lokhu kuthathwa ngokuthi ukudlwengula.

Kulabo abangazithola beyizisulu zokudlwengulwa kumele baqikelele lokhu okulandelayo:

- Gwema ukuphuza kakhulu utshwala noma ukudla



Abasebenzi beHhovisi likaNdunankulu KwaZulu-Natal ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni uhlelo lokulwa nokudlwengulwa. **Isithombe: YOLANDA ZONDI**

izidakwamizwa.

- Ungalokothi uhambe wedwa, noma nomuntu ongamazi. Qinisekisa ukuthi abangani bakho baseduze.

- Qinisekisa ukuthi uma umuntu ohamba, noma ohleli naye eseqala ukukhuluma izinto eziphambene nentando yakho uyamunqanda ngokushesha, futhi usuke eduze kwakhe.

- Kuqonde ukuthi ayikho indawo ongathi iphephile, ongeke futhi wadlwengulwa kuyo. Ngakho ke kumele uhlale uqaphile.

- Hlala unezinombolo zocingo ongazishayela kalula uma uzithola usesimweni esibucayi ukuze uthole usizo olusheshayo.

- Uma usekhaya qikelela ukuthi yonke iminyango ikhiyiwe, futhi ungavuleli noma ngubani; uma kungabantu bomthetho thola isiqinisekiso salokho.

Izinkantolo zisebenza ngobufakazi obubekwe phambi kwazo, kubalulekile ukuthi uma usudlwenguliwe ugcine ubufakazi ukuze usize abomthetho bakwazi ukubopha isigila noma izigila mkhuba. Naku okubalulekile:

- Ungagezi, ungaxubhi noma ushintshe izingubo obukade uziqgokile ngesikhathi undlwengulwa ngoba lokho kungadala kulahleke ukufakazi.

Uma ubufakazi bulahleka kungadala ukuthi umdlwenguli

angaboshwa.

- Uma udlwengulwa, thola indawo ephephile ongaya kuyo, ungaya emaphoyiseni noma esibhedlela.

Uma ucabanga ukuthi kungenzeka ukuthi ufakelwe izidakamizwa esiphuzweni sakho, cela isibhedlela ukuthi sithathe igazi lakho ukuze kutholakale isiqiniseko salokho.

- Ukubika ngokudlwengula kuyingxenywe yokulwa nokudlwengula okubhekiswe kubantu besifazane.

Uma kubikwa ngokudlwengula kuvikela ukuthi kungaphinde kwenzeke komunye umuntu, futhi nesigilamkhuba sibhekane nengalo yomthetho.

IHhovisi likaNdunankulu likhona ukusiza noma ngabe ngubani ozithola esenkingeni emayelana nokudlwengulwa.

Imiphakathi iyanxuswa ukuthi ibike ngokushesha uma kukhona amacala enolwazi ngawo.

Lokhu kusiza ukuthi kuqedwe izigameko nesihlala salomkhuba kulesiFundazwe.

Sicela abadinga usizo bashayele lenombolo yamahhala (0800 596 5960).



# RAPE IS A CRIME

## 365 Days Anti-Women Abuse Campaign

### UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



# OWEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL USUKULUNGELE UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI

UMnyango wenze ibhuku elibizwa nge Invigilators Handbook ukuze wonke ama invigilators asebenze ngendlela efanayo kuyo yonke indawo

## SIHLE MLOTSHA

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali usukulungele ukungamela ukuhlolwa kwebanga leshumi kwango 2015. Bangu 201 150 sebebonke abafundi abazohlalela ukuhlolwa kwebanga leshumi. Lokuhlolwa kuzoqala mhla zingu 26 October 2015 Kuphele mhla zingu 27 November 2015. Kulelinani labafundi elizobhala, u 171820 abafundi abafunda ngokugcwele kanti 29330 abafundi abafunda ngasese. Kuyajabulisa ukubona ukuthi abafundi besifazane ibona abaningi abazohlalela lezizivinyo.

## ABAZOMAKA

Ukukhethwa kwalabo abazomaka



UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal u Neliswa Peggy Nkonyeni

kwaqedwa mhla zingu 3 July 2015. UMnyango uzoqasha ama Markers angu 8101 laba kuzoba ama

Senior Markers angu 1618, ama Deputy Chief Markers angu 228, ama Chief Markers angu 73, ama Centre Managers angu 27 kanye nama Deputy Centre Managers angu 27.

## AMA INVIGILATORS

Ukuqeqeshwa kwama Invigilators kwenziwe esigabeni sama sekethe. Ama sekethe angu 191 aseqeqeshe ama Chief Invigilators kanye nama Invigilators ukuze Kwazi ukugada abafundi ngendlela afanele.

UMnyango wenze ibhuku elibizwa nge Invigilators Handbook ukuze wonke ama invigilators asebenze ngendlela efanayo kuyo yonke indawo.

## UKUMAKA

UMnyango uzoba nezikhungo zokumaka ezingu 27 kulokuhlolwa kuka 2015. Ukumaka kuzoqala mhla zingu 2 ku December kuphele mhla zingu 13 ku December 2015.

Ama Chief Markers, ama Deputy Chief Markers kanye nama Markers bazofika ezikhungweni zokumaka mhla zingu 30 November 2015. Lezikhungo zizovalwa ngokusemthethweni ngomhlaka 18 December 2015. Imiphumela yalezizivinyo iyokwaziswa umphakathi mhla zingu 6 ku January 2016

## OPERATION BOUNCE BACK

Uma kubhekwa uhlelo lokungenelela kuka Mphathiswa

u Neliswa Peggy Nkonyeni, olubizwa nge Operation Bounce Back, kunethemba lokuthi isiFundazwe sizokwenza kahle kakhulu kulonyaka ka 2015.

Kuningi okwenziwe uMnyango ukuqinisekisa ukuthi abafundi bacijelwa lezizivinyo.

Izinto ezifana nokubhaliswa kwama common tests, I National Strategy for Learner Attainment, ama winter classes, ama spring classes, ama holiday classes kanye nama Learner Boot Camps kungokunye kwezinto eziningi ezenziwe uMnyango ukuqinisekisa ukuthi isiFundazwe senza kanhle kulonyaka ka 2015.

# Kuqopheke umlando kuvulwa isibhedlela samehlo i-McCord

## AGIZA HLONGWANE

Izakhamizi zaKwaZulu-Natali ezidinga ukwelashwa amehlo zizohlomula lukhulu emva kokuvulwa ngokusemthethweni kwesibhedlela samehlo i-McCord Provincial Eye Hospital.

Lesi sikhungo sivulwe wuNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMnuz Senzo Mchunu, ephelezelwa wuNgqongqoshe weZeMpilo, uDkt Sibongiseni Dhlomo. Singesokuqala emlandweni saloluhlobo emlandweni kwaZulu-Natali, kanti sizohlinzeka umphakathi ngalo lonke uhlobo lwezinsiza zokuhlolwa, ukwelashwa, nokuhlinzwa kwamehlo. Njengoba u-80 percent wokungaboni kudalwa izimi ezingagwemeka, lesi sikhungo sizokwazi ukwelekelela uMphakathi ukwelashelwa izinkinga zamehlo, kumbandakanye nokuhlinzwa kolwelesi. Lesi sibhedlela esinemibhede engu-147 samukelele iziguli ezingaphezulu kuka-500 ngesonto. Ekanti sizohlinza iziguli eziphakathi kuka-15 kuya ku-20. Umphakathi obugcwele

uphuphuma ehlo elisesikoleni esiseduzane nalesibhedlela, ukhombise ukuthakasela ukuvulwa kwalesisibhedlela. Ethula inkulumbo yakhe kulomcimbi wokuvulwa kwalesi sikhungo, uNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal uMnuz Senzo Mchunu, uthe ukuvulwa kwalesi sikhungo kuyinqqala butho emlandweni walesisifunda. Uqhube wathi lesi sibhedlela sacishe savalwa ngenxa yezinkinga ebesibhekene nazo, kodwa uHulumeni wesifundazwe wasukuma wathi cha angeke kwenzeke ukuthi abantu balahlekelwe imisebenzi kanjalo nesikhungo esineminyaka engaphezulu kweyikhulu sivalwe bese uyashabalala umlando waso.

“Sibe sesiba nezingxoxo ezingqala, nezaholela ekutheni sigcine sibuyele kuHulumeni lesisibhedlela, naphezu kokuba isifundazwe sibhekene nenkinga yezimali, ngenxa yokuncishiswa kwesabelo zimali.” UNdunankulu ubuye wanikeza izibuko zamahhala ezigulwini ezinhlano ebese zihloliwe kwatholakala ukuthi



UNdunankulu wakwaZulu-Natali, uMnuz Senzo Mchunu, enoNgqongqoshe weZeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo kanye nomphathi weMcCord Provincial Eye Hospital, uDkt Jay Mannie emcimbi wokuvulwa kwalesi sikhungo. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

ziyazidinga. Lesi sibhedlela sizophinde sisebenze njengesikhungo sokuqeqesha abafundi asephothule izifundo zobudokotela zokwelapha amehlo, e-University ya KwaZulu-Natal (UKZN). Ekhuluma kuwo lomcimbi uNgqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo unxuse umphakathi ukuba uzinakekele,

ugweme izinto ezingaholela ekutheni ugcine usuphathwa amehlo. Uthe lokhu kumbandakanya ukubhema, nokungadli ukudla okunomsoco. Ube esegqunguzela umphakathi ekutheni okungenani bahambe leikhungo ukohlola amehlo kanye ngonyaka. Bese kuthi labo abaphethwe isifo sikashukela kanye nomfutho wegazi ukuba

bahlolwe amehlo okungenani kabili ngonyaka, futhi badle ukudla okuno Vitamin A, ngoba lokhu kuyobasiza ukuthi amehlo abo angathuntumezeki.

Lokhu kudla kumbandakanya izaqathi, ithanga, upopo, umango kanye ne-butter. Uphinde wathi ukugqoka izibuko zelanga kuyasiza kakhulu ukuvikela amehlo emisebeni yelanga.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

# SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**  
izimpilo zabantu

“CONSOLIDATING PROGRESS WE HAVE MADE, AND STEPPING UP THE PACE TO ACHIEVE RADICAL SOCIO-ECONOMIC TRANSFORMATION TO END **POVERTY** IN OUR LIFETIME”

# KUTUSWE UMNYANGO NGOKUZIBOPHEZELA NGOKUSEMTHETHWENI EKUSEBENZENI NGOBUQOTHO

Sidinga ukuthola izindlela ezisheshayo ukulwa nalezi simo esidicilela, siphazamise ukuhlinzekwa kwezinhlelo nezidingo zentuthuko kubantu kwenze nenkululeko yethu icwile

**NOKHI SIBISI**

Hhovisi likaNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natali kanye noMnyango kaMgcinimafa batuse uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ngokuhamba phambili ekuzibophezeleni ngokusemthethweni ukusebenzisa imali yentela yabantu ngendlela efanele.

Lokhu kwenzeka emcimbini obusehlo ledolobha laseMgungundlovu lapho bekuqhakambiswa ukuziphatha kahle kwabasebenzi bakaHulumeni, okuyibona ababhekene nenselelo yokuhambisa izidingo zabantu ngaphandle kokukhwanisa, ngaphansi kwesiqubulo esithi: "Ngenza okulungile noma engekho ongibonayo."

IHhovisi likaNdunankulu, ngaphansi kophiko olwaziwa nge-Integrity Management Unit, lihlabekwe umxhwele ukuthi uMnyango ube ngowokuqala emiNyangweni kaHulumeni wakulesi siFundazwe ukuthi usayinde ngokusemthethweni ukuhambisana nomthethosisekelo obophezela abasebenzi ukuba benze umsebenzi wabo ngokuthembeka.

Ekhulumela ihhovisi likaNdunankulu, oyiNhlolo yalolu Phiko, uMnumzane uCecil Msomi, uthi: "Siyakuqonda ukubaluleka

kwaloMnyango ngoba ungumgogodla wakho konke, ngakho-ke uma ungasebenza ngenkohlakalo baningi abantu abayohlupheka kulesi siFundazwe."

Uqhube wathi: "Yingakho-ke sikuthakasela ukuzibophezela kukaNkosikazi uThusi nabasebenzi bakhe abaphethe eziyizingini zaloMnyango."

LoMnyango usuqalile ukuhamba ufundisa abasebenzi ngalomthetho ukuze uma sebezithola bebhakene namacala okukhwanisa kungabikhona othi wayengazi ngalomthetho.

UNgqongqoshe uWeziwe Thusi uthi: "Sizokhumbula ukuthi uNdunankulu wabiza umhlangano wabaphathi beMnyango nabaphathi bezimali eMnyangweni kaHulumeni kulesi siFundazwe ukudingida udaba lokufeyila kweMnyango ukuthola imiphumela emihle ngokuphathwa kwezimali.

"Ukukhwanisa kuyisifo somdlavuza esikhinyabeza ukusebenza, nokwenza umphakathi esiwusebenzelayo ukuthi uphelelwe yithemba ngekusasa lenkululeko yezwe lethu uphinde futhi ungayitholi intuthuko ewufanele,

"Sidinga ukuthola izindlela ezisheshayo ukulwa nalezi simo esidicilela, siphazamise ukuhlinzekwa kwezinhlelo

nezidingo zentuthuko kubantu kwenze nenkululeko yethu icwile," kusho uNgqongqoshe.

Uphinde wathembisa futhi wazibophezela yena nabasebenzi ukusebenza ngokuthembeka, isizotha, nenhlonipho, wathi ezigamekweni la abasenzi betholakala bengenzi kahle bayothathelwa izinyathelo nezinqumo ezibafanele ngokusebenzisana noMnyango woMgcinimafa nezinhlaka ezinye ezithintekayo. Obemele uMnyango kaMgcinimafa, uNkosikazi Mapule Motaung, uthi ubhekise kuNkosikazi Thusi wathi:

"Siyethemba neminye imiNyango izolandela ezinyathelweni zakho."

Uchaze nemigomo elandelwayo uma umsebenzi enze icala nokuthi bona bangenelela uma sekunjani.

UMnumzane N. Ramdaw, ongusihlalo esigungwini sezinhlangano ezingenzi nzuzo (NPO Forum) esifundazweni saKwaZulu-Natali, uncome ukusebenzisana okuhle noMnyango wacela ukuthi ulekelele ekutheni imigomo nemithetho yama NPO ishicilelwe nangesiZulu ukuze bonke abantu baqonde ukuthi izibopho zokusebenza kwawo zithini, bangathi uma sebezuzwa imibuzo baveze ukungazi ngemigomo ngenxa yolimu abangaluqondisisi kahle.



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, esayinda isibobopho sokulwa nokukhwanisa nenkohlakalo.

## UNonkosi uhlaba umkhosi kaphezu komkhono njengoba selethwese ihlobo

**LONDIWE NGIDI**

Akawuvali umlomo unobhala womfelandawonye, iNtshiyabantu Co-operative, eMpendle kulandela ukugixabezwa kwabo ngezinsiza-kusebenza ezilinganiselwa ngaphezulu kuka R 3,4 million ngaphansi kohlelo lukahulumeni waKwaZulu Natali lokusungula imifelandawonye yomphakathi emakhaya.

UNomkhosi Shelembe waseNzinga wemukelise wogandaganda abathathu bohlobo lweLandini neJohn Deere abadle imali enguphezu kuka1 million kanye nesibambiso-mali (voucher) sika R 389 940 yokuthenga umanyolo, imbewu yombila nobhontshisi, udizili, u lime kanye namakhemikhali ezolimo ukuze balime baphinde batshale ensimini yabo elinganiselwa kumahektha angu 200.

UNomkhosi uthi, "Sijabule kakhulu ngento uhulumeni asenzele yona.

Usenzele lukhulu, uhulumeni kuyinto ebesingayicabangi ngoba isisebenze kanzima eminyakeni edlule njengoba saqala ngo-2005 singenazo izinsiza kusebenza, senza okungangamandla ethu.



Inkosi yesizwe saKwaNxamalala u-S Zuma, iLungu lePhalamende eliHloniphekile uMnuz Super Zuma, iMeya yaseMpendle Local Municipality uKhansela Sizwe Ndlela, uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, umnuz Cyril Xaba, uNdunankulu wesiFundazwe, uMnuz Senzo Mchunu, benikezela ngezinsiza kulima emndenini wakwaZuma eNzinga eMpendle.

Manje sesinethemba lokusebenza siye phambili, sesizokwazi ukunika nabanye abantu amathuba omsebenzi njengoba sihlala emphakathini ontulayo."

UMfelandawonye, iNtshiyabantu Co-operative uyingxenye

yemifelandawonye emine ehlo mule kwisamba esingu-R15 million esethulwe ngokusemthethweni emcimbini obubanjwe nguNdunakulu waKwaZulu Natali, uMnu. Senzo Mchunu, ehambisana noMnu Cyril Xaba, woMnyango wezoLimo

nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, endaweni yakwaNxamalala, eMpendle.

Lesisabelomali kuhloswe ngaso ukusungula amapulazi emiphakathini yasemakhaya nokuwathuthukisa aze alimele ukuhweba ezingeni likazwelonke.

Ukusekelwa ngoxhaso kwemifelandawonye ekhiqiza ukudla kuqhakambisa ukuqala kokubungazwa kwenyanga yokudla ebizwa phecelezi nge-World Food Month okungu-Okthoba okuwumkhankaso owasungulwa ngo-1979 yinhlangano yokudla nezoLimo i-Food and Agriculture Organisation.

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwenzindawo zaseMakhaya uholwa uNgqongqoshe uMnuz Cyril Xaba ukuzibophezele ukusebenzisana nabesifazane, abesilisa, umphakathi, nezihlangano ezehlukene ukuqhamuka nezixazululo zokulwisana nendlala nobumpofu, ikakhulukazi ezindaweni zaseMakhaya.

Kulo nyaka kuhlelwe ukuthi i-World Food Day igunjwe ngomhlaka-29 Okthoba 2015.

Indikimba yosuku ithi, "Ukuvikela umphakathi nezoLimo: ukuqeda umshikashika wobumpofu ezindaweni zaseMakhaya."

Injongo yalolu suku ukuthuthukisa ulwazi lomphakathi ngezinkinga umhlaba wonke obhekene nazo emkhakheni wezokudla nokuqinisa umkhankaso wokulwa nendlala, ukungondleki nobumpofu.

UMhlonishwa uXaba uhlele ukuhambela izindawo zasemakhaya ukuze agqugquzele abantu ikakhulukazi abesifazane abayinzalabantu ukuthi bazidalele amathuba okwenza inzuzo ngokuzibandakanya nemisebenzi yozolimo ngenhloso yokungena ebhizinisini.

Ukulima akusunguli nje kuphela amathuba emisebenzi kodwa kwenza lehle nejoka lokuthenga ukudla njalo ezitolo ngamanani aphakeme esikhundleni sokuthi abantu basemakhaya kube yibona abadayisela izitolo.

Lokhu kuzophinde kuphinde kwenyuse umnotho futhi kuxoshe ikati eziko.





UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uthathwe lapha enabantwana baKwaMashu ngesikhathi kwethulwa umkhankaso kaHulumeni wokulwa ne-TB ezikoleni, obizwa nge-Tackling TB in Schools.

# UKUFUNDISA NGE-TB EZIKOLENI KUNGABA YIKHAMBIBI LOKUYELAPHA

**Sifisa uma kutholakala ukuthi umntwana unesifo se-TB abazali basilekelele, ngoba akekho umntwana ongavele abe nevuso lokudla amaphilisi izinyanga eziyisithupha engalekeleliwe abazali.**

**S**ekuqubuke ukukhathazeka ngesibalo sabantu asebenzenwe yisifo sofuba KwaZulu-Natal njengoba kwezinye izindawo sesifinyelele ku-1 000 kwabangu 100 000, okuyinto ethathwa njengesibhichongo.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal yisona esihamba phambili ngesibalo sabantu abaphethwe yisifo sofuba (TB) kulandele isifundazwe sase-Eastern Cape kuzise isifundazwe sase-Gauteng kugcine i-Western Cape.

Ukulwa nalesi sifo, uNgqongqoshe wezeMpilo

KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo useqale umkhankaso wokuvakashela ezikoleni ngenhloso yokugqaguzela ukuba abafundi bahlolwe lesi sifo, bese kuthi labo abatholakala benaso bethole ukulashwa.

UDkt Dhlomo wethule lomkhankaso obizwa nge-“Fighting TB in Schools” esikoleni samabanga aphantsi eThekwini Primary School KwaMashu eNyakatho yeTheku.

UDkt Dhlomo uthi ngokweNhlangotho yezeMpilo yoMhlaba (World Health Organisation) uma izwe liba nabantu abane-TB abawu 200

kwabangu 100 000 lokho kufana nesibhichongo.

“Njengoba lapha KwaZulu-Natali sinezifunda eziwu-11, ezimbili, okuyiLembe noMgungundlovu, ezinabantu abawu 1000 eqoqweni lika-100 000 abane-TB, okusho ukuthi lesisibalo siphindwe kahlanu okusho isifundazwe saKwaZulu-Natal sibhekene nesibhichongo.

“I-W.H.O iphinde ithi izwe elifana neNingizimu Afrika lidinga ukuthi kubantu elibalaphela i-TB, u20% kube abantu abaneminyaka ewu-15 kuya ngaphansi.

Kodwa lapha selapha u-9% kuphela, okusho ukuthi kuno 9% wabantwana okungaziwa noma

banaso lesi sifo noma cha.

UNgqongqoshe uqhuba athi, “Sibe sesizibuza ukuthi baphi labantwana, sase sibona ukuthi basezikoleni.”

Yingakho lomkhankaso wethu siwuqalisa ezikoleni. Sifuna ukuwusabalalisa esifundazweni sonke okungenzeka lezizingane ukuthi zine-TB kodwa kube kungaziwa.

UDkt Dhlomo uphinde wanxusa abazali nabanakekeli bezingane ukuthi babambe iqhaza ekusizeni uHulumeni ukulwisana ne-TB.

“Sifisa uma kutholakala ukuthi umntwana unesifo se-TB abazali basilekelele, ngoba akekho

umntwana ongavele abe nevuso lokudla amaphilisi izinyanga eziyisithupha engalekeleliwe abazali, ngokukhumbuzisa, nokumkhuthaza. Uma abazali bengakwenzi lokhu, sothi uma senza into enhle ukulwisana nalesisifo sibone sekunezizingane eziningi ezine-MDR ne-XDR TB, okudalwa wukungawadli ngendlela amaphilisi.”

Lomkhankaso kuhloswe ngawo ukufinyelela kubafundi abangaphezu kuka 168 000 ezikoleni zasemabangeni aphantsi ezingu 108 esifundazweni iKwaZulu-Natal yonkana.



## STOP TB in my lifetime

HELP US TO FIGHT TB AND LIVE A HEALTHY LIFESTYLE



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# ABOMNYANGO WEZOLIMO BABUTHE IZITIFIKETI EMCIMBINI WOKUKLOMELISA ABAPHOTHULE EZOKUZITHUTHUKISA

**Lokhu kuyizinkomba zokuthi ikusasa libonakala liqhakazile emnyangweni uma abasebenzi bekhombisa ukuzimisela futhi bezihlomisa ngemfundo zikhathi zonke**

**BRENDA MQWAMBI**

njabulo ibibhalwe ebusweni kwabahlomule ngezitifikethi zemfundo ngaphansi kwesikhungo esisebenzisana nohulumeni ukulekelela abantu asebekhulile ukuba bathuthukise ulwazi namakhono abo KwaZulu-Natal.

I-Provincial Academy ibambisene nemnyango yonke kaHulumeni nehovisi likaNdunankulu wesiFundazwe uMnuz Senzo Mchunu bahlangana minyaka yonke ukuze banikezele ngezitifikethi kubasebenzi bakahulumeni nabantu bomphakathi abaphothule uhlelo lokuqeqeshelwa amakhono ababengakaze babe nethuba lokuthola ithuba lemfundo.

Lokhu kuqeqesha kugxile kakhulu kwasebekhulile. Lo mcimbi ubakhona njalo ngoSeptemba kanti nonyaka ubanjanjwe esifundeni uGu.

Lo mcimbi ubuhambisana nomkhankaso wokugquzela ukuthi abantu bafunde ukubhala nokufunda oba minyaka yonke ngo-Septemba obizwa ngokuthi yi-Literacy Week.

Lolu hlelo lwemfundo yabadala luhlose kakhulu ukusiza labo basebenzi abangawa tholanga amathuba okuthi baphothule izifundo zabo zikamatikuletsheni kanye nokuba bathole namathuba okuphuthula imfundo ephakeme. Liphinde ligquzule labo abangaqedanga ukuba baqedelele izifundo zabo.

Kulo mcimbi kube sekuba khona isikhathi lapho bekuklonyeliswa abakwazile ukuthi baphothule izifundo zabo.

Kwabaphumelele kubalwa uNksz Thandazile Nxumalo yena othe ngenkathi eqala ukusebenza eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukisa kwemiPhakathi yaseMakhaya wayekade agcina esikoleni ebangeni lesithupha.

Uqhube wathi akakwazanga ukuba aqede esikoleni ngoba wasuke waba nengane nokwamenza ukuthi asiyeke isikole abhekane nengane yakhe.



Isekela leNhloko yoMnyango, uNksz Jabu Majola, ophakathi nendawo, ehleli nabasebenzi boMnyango abazihlomulele ngezitifikethi ngemva kokuphuthula izifundo zabo

Akabange esalithola ithuba lokuthi aqhube izifundo zakhe okwaze kwaba uqashwa ngumnyango okwamvulela amathuba amakhulu okufunda.

Ube eseqala efunda imfundo yabadala ngonyaka ka-1997 waqeda ngonyaka ka-2001.

Uthe wabhalisela ukubhala amatikuletsheni ngonyaka ka-2002 wona awuphuthula ngo-2004.

Uqhube wathi emuva kokuba eqede amatikuletsheni ube eseqhubeka wabhalisela ukufunda ekolishi yezoLimo i-Owen Sithole College of Agriculture eMpangeni lapho ethole khona iqhuzu lediploma ezifundweni zokukhiqizwa kwezitshalo.

Lokhu uthe kumenze wakwazi ukuthi aqonde kahle ngomsebenzi wezolimo futhi akagcinanga lapho njengoba ebuya wenza izifundo ze-BTech egxile emkhiqizweni wokudla.

Bayishumi nesishiyagalombili abasebenzi boMnyango wezoLimo abahlomulele ngalolu hlelo nokwenze kwehlisa isibalo sabasebenzi balo Mnyango abangakwazi ukufunda nokubhala ngendlela eyemukelekile nezwakalayo emsebenzini. Izifundo abakwazile ukuziphuthula gzezekhompuyutha, ukuxhuma nokulungisa amapayipi ukubala nje ezimbalwa. Abazange bayifihle injabulo

abasebenzi abakwazile abathole izitifikethi. Babonge eMnyangweni wezoLimo naseHhovisi likaNdunankulu ngokubavulela leli thuba bathi bayajabula ngoba lokhu kuhambisana nalokhu uNgqongqoshe uMnuz Cyril Xaba ahlale ekugcizelela ukuthi abantu kumele bafunde ukuze bayazi kangcono into abayenzayo.

Njengoba abanye sebefunde bagogogda ngaphansi kwalolu hlelo sebesesimweni esihle sokuthi bathole ukwethenjwa okwengeziwe ngaphakathi eMnyangweni uma kudingeka abantu abazophatha imisebenzi nezinhlelo ezithile ezidinga imfundo enzulu.

Abanye abasebenzi sebekwazi

ngisho ukusebenzisa ama-laptop into ababengakwazi ukuyenza phambilini njengoba kwakuqhaqhezela izandla uma kumele nje bakhophe imali emshinini wemali ngenxa yokungabi nalo ulwazi ngezobuchwepheshe.

Bathe bazibona sebethuthuke kakhulu. UNksz Jabu Majola, onguMphathi Jikelele ophikweni lwezibhizinisi eMnyangweni, utha bayaziqhanya ngabasebenzi.

“Lokhu kuyizinkomba zokuthi ikusasa libonakala liqhakazile emnyangweni uma abasebenzi bekhombisa ukuzimisela futhi bezihlomisa ngemfundo zikhathi zonke,” kusho uNksz Majola.



**agriculture & rural development**

Department: agriculture & rural development  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



**UMNUZ CYRIL XABA**

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, KWAZULU-NATALI

*Ngokubambisana sesenze iKwaZulu-Natali yaba isifundazwe esingcono ukuphila kusa.*



**LETHWESE IHLOBO, PHEZU KOMKHONO!!**

- INTWASAHLORO ISHO UKUTHI MAKUBUYELWE EMASIMINI.
- UMNYANGO WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA UFUNA IKWAZULU-NATALI IBE INGQAYIZIVELE KWEZOLIMO.

# LIGUJWE NGENHLOKOMO USUKU LOTHISHA

UMnyango wezemfundo uzimisele ukuyisa iNingizimu Afrika phambili ngemfundo esezingeni eliphezulu nokuthuthukiswa kwamakhono

MTHOBISI NGUBO

Othisha bebengangoZulu eya emakheni behlangene begubha usuku lothisha olugujwa umhlaba wonke, I-World Teachers Day, mhlaka 05 October 2015 eGlenwood Secondary School e Thekwini.

Bekudidiyela kugiya bona ngqo othisha bebungaza ngentokozo usuku lwabo. Injabulo ibibhalwe ebusweni kothisha abebeyingxenywe yalombungazo. Injabulo yabo igqanyiswe kakhulu umculo obuqhuma phezulu obekusobala ukuthi othisha bahutshiswa injabulo.

Lomgubho oyingqayizivele ubuhanjelwe ngu Mnu Mugwena Maluleke oyi Sekela likaMongameli we Education International abuye abe nguNobhala Jikelele we South African Democratic Teachers Union, obephinde abe yisikhulumi sosuku. Inhloso yalomgubho ukubonga othisha ngeqhaza abalibambile emfundweni kanye nasemphakathini abayakhele.

INhloko yoMnyango, uDkt Nkosinathi Sishi, obeyingxenywe yalomgubho, ubonge kakhulu iqhaza elibanjwa othisha mihla namalanga ezikoleni.

“SiwuMnyango kuyasijabulisa ukubona indlela enizinikela ngayo emsebenzini wenu ngakho siyanikhuthaza kuwusuku lwenu ukuthi ningadikibali kodwa niyibambe njalo ukuze sithuthukise izinga lemfundo,” kusho u-Dkt Sishi. Akagcinanga lapho kodwa ubalule nokuthi uMnyango uyazi ukuthi awukafinyeleli lapho kumele ufinyelele khona ngezokuphepha ezikoleni kodwa uma kubanjiswene izoba khona impumelelo.

“UMnyango wezemfundo uzimisele ukuyisa iNingizimu Afrika phambili ngemfundo esezingeni eliphezulu nokuthuthukiswa kwamakhono,” Kuphetha uSishi.

Ethula inkulumbo yakhe, uMnuz uMaluleke ukubeke kwacaca ukuthi kuningi okusafanele kulungiswe ezikoleni wabe esenxusa nemiphakathi ukuthi idlale indima ekubuyiseni isithunzi sothisha. “Ngiyababonga kakhulu othisha ngemisebenzi yabo esezingeni eliphezulu lokuthuthukisa imfundo kanye nokwakha isizwe”. uMaluleke uthe othisha yibona abayizinhlizyo zesizwe ngoba lakungekho khona uthisha izwe liyabhubha.



INhloko yoMnyango wezemfundo KwaZulu-Natal, uDkt Nkosinathi Sishi

Lombungazo ubuhanjelwe izona zonke izinhloko ezibamba iqhaza ekuthuthukiseni imfundo KwaZulu-Natal. Phakathi kwazo bekukhona iSouth African Democratic Teachers Union, I-Congress of South African Student (COSAS), Combined Trade Unions and Autonomous Teacher Unions

(CTU/ATU), I-South African Council of Educators (SACE) kanye ne Education Labour Relations Council (ELRC). Bonke babonge kakhulu intshisekelo yothisha ngokuzinikela emsebenzini. Umongo we World Teachers Day kulonyaka uthi: Empowering Teachers, Building

Sustainable Societies. Lomcimbi obunozikhulumi ezihlukahlukene zonke bezikubeka ngembaba ukuthi kumele othisha bahlonishwe futhi balekelelwe kukho konke abakwenzayo nasezidingweni zabo ukuze bakwazi ukuthuthukisa izinga lemfundo.

## Ukugonywa kwezinja namakati kwehlisa izifo nezinkinga ezingahlukumeza izakhamizi

MBONGENI HLOPHE

Ukwanda kwezinja namakati awuvanzi ezindaweni zasemakhaya nokwehluleka kwemiphakathi yasemakhaya ukunakekela imfuyo yawo yiko okudala ukwanda kwezifo eziyingozi njengamarabi.

Lokhu kuvele ocwaningweni olwenziwe wuphiko loMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal olubhekene nokulawulwa kanye nokunakekelwa kwemfuyo esifundazweni. Odokotela bomnyango besebenzisana nethimba labanakekeli bemfuyo abayingxenywe ye-Outreach KwaZulu-Natal banikele eMzimkhulu, eningizimu yesifundazwe, emva kokuthi kuvelile ukuthi imiphakathi eminingi yakule ndawo ithwele kanzima uma kufanele inakekele imfuyo yawo, ikakhulukazi amakati nezinja.

“Ngenxa yokuthi indawo yaseMzimkhulu ingenye yezindawo ezidonsa kanzima uma kuyiwa ngasemnothweni, imiphakathi eminingi kule ndawo iyehluleka ukunakekela imfuyo yawo okugcina kudale ukuthi izinja namakati kugcine kuphumile emakhaya kube wuvanzi.

“Lokhu kuyimbangela enkulu yokuthi kugcine kwande izifo ezinjengamarabi kanye nokwanda kwezikelele ezilwaneni,” kusho



Ukugonywa kwezinja kuhamba kahle kakhulu eMzimkhulu ngeledlule njengoba abasebenzi ababhekelele izilwane bematasa begoma izinja.

uDkt Advocate Kutwana, ohola ithimba lodokotela abebhambela kule ndawo. Umkhankaso ububhekiswe kakhulu ekugomeni izinja namakati ukuthi kungatheleleki ngesifo samarabi kanti izilwane beziphinde zigonyelwe izikelele namazeze.

Kuwo lo mkhankaso bekuphinde kuthenwe izilwane zesilisa beze kuhushulwa inzalo kwezesifazane ukuze kulawuleke ukwanda kwemidlwane namakati azalwa ngendlela engahlelekile.

“Inja iyinye iyakwazi ukuthi izale imidlwane engu-30 onyakeni owodwa. Lokhu kuchaza ukuthi uma sihushula inzalo enjani yesifazane eyodwa, sesiphungule amathuba ezinja eziwuvanzi ezingu 30 ebezizozalwa onyakeni owodwa. Kanjalo namakati nawo anezinkinga zawo azidalayo emphakathini uma enganakekelwa,” kwenaba uDkt Kutwana. Ukuhanjelwa kwendawo yaseMzimkhulu ngesonto eledlule kuhambisane

nokugujwa kosuku lokulwa nesifo samarabi olugujwa minyaka yonke emhlabeni ngosuku ngomhlaka-28 Septhemba. Zilinganiselwa ku-180 izinja ezigonyiwe kulo mkhankaso kanti amakati wona ukufika kwawo bekugqoza kakhulu yingakho uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya uhlaba ikhwelo lokuthi imiphakathi zisukumele lezi zinhlelo ngoba zisiza wona.

Ngokwehlayelekileinja esihlaselwe ngamarabi ibonakala

ngokuthi ithande ukudla amazinyo kuze kube ngathi ifuna ukuluma okuthile. Ibuye ikhohlise amathe ibe yisinqawunqawu ibe nolaka, kwesinye isikhathi idlikize.

Iba nawuvanzi ingakwazi ukuzinza ekhaya futhi iba nochuku. Izinja namakati osekunalesi sifo kuhlale nje kuvuza amathe futhi kuziphatha ngendlela engajwayelekile.

Uma umnikazi wenja eqaphela lezi zimpawu kumele athintane naboMnyango noma abakwa-SPCA ukuze isheshe isukunyelwe indaba yaleyo nja ngoba isuke isiyingozi enkulu.

**NAKHU OKUMELE KUQASHELWE:**

- Uma umuntu elunywa yinja kumele ahlanze isilonda ngesibulala magciwane
- Kumele aphuthume emtholampilo noma abonane nodokotela ngokuphazima kweso
- Akuxhunyanwe nesikhungo sikahulumeni esibhekele ukwelashwa kwezilwane, noma umuntu osebenza ngokwelashwa kwezilwane. Zonke iziFunda zoMasipala KwaZulu-Natal kumele zibambe iqhaza futhi zigqogquzele izakhamizi ukuthi zisukumele ukugonywa kwezinja ikakhulukazi ngoba zingagcina zihlukunyezwa yisifo samarabi noma kwande amakati awuvanzi.

# OWEZOKUTHUKISWA KOMPHAKATHI ULWA NOBELELESI NGEZINHLELO ZOKUFUKULA IMIPHAKATHI

Ngokwezibalo zamaphoyisa izidakamizwa, ukulimazana emzimbeni, kanye nokudlwengulwa kwabesifazane amacala adlangile endaweni yaseNtumeni

MONGI MNGADI

U Mnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uqhuba umkhankaso wokulwa nobugebengu obukhungele isifundazwe saKwaZulu-Natali sonkana nokuvula izizinda lapho kubhekelelwa khona imiphakathi. Emcimbini wokulwa nobugebengu obusezinkundleni zemidlalo eNtumeni, obuwenzelwe umphakathi wakwa Ward 8, eShowe, ngaphansi kukaMasipala waseMlalazi ongamelwe uMasipala wesiFunda uThungulu, uNgqongqoshe uWeziwe Thusi, uchaze ngemizamo eyahlukahlukene uMnyango wakhe ophezu kwayo ukubhekana nezimo ezibhebhethekisa ubelelesi emiphakathini.

UNgqongqoshe uThusi uye wakhetha u-Wadi 8 wakulendawo ngenxa yokuthi ungenye yama Wadi ahlaselwe yisihlava sobugebengu, uphuzo, ukuhlukunyezwa kwabadala kanye nokukhulelwa kwamantombazanyana okumele ukuba ahamba isikole.

Ukuqinisa umbhidlango wokulwa nalezi zihlava, uphinde wavula ngokusemthethweni ihhovisi elaziwa Inkanyezi Service Office elokishini iKing Dinuzulu, ebize isamba esingango R14 263 000, ebhekene nezinhlelo zoMnyango ezibandakanya ukusiza abantulayo, abakhubazekile, abadala, ukulwa nobugebengu, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, kanye nokunye.

Ucwaningo lwaloMnyango luyakuveza futhi ukuthi izigameko eziningi zodlame kulendawo azibikwa emaphoyiseni, kodwa ziye zibikwe komkhulu noma kube ziyindaba esombululwa yimindeni iyodwa, kanti izigebengu ziyesatshwa ngoba abantu besabela izimpilo zabo.

UNgqongqoshe uThusi uthi: "Ubugebengu benza ukuba abantu bamunceke amalungelo abo kanye nokuhlonipheka, futhi benza izisombululo zokungaboni ngaso linye zingabi lula nokuzibandakanya kwabantu



UNgqongqoshe wezokuthuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, exoxisana namalungu omphakathi ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni amahhovisi oMnyango ehhovisi laselokishini laseKing Dinuzulu, eShowe.

entandweni yeningi. "Ngokwezibalo zamaphoyisa izidakamizwa, ukulimazana emzimbeni, kanye nokudlwengulwa kwabesifazane amacala adlangile endaweni yaseNtumeni.

"Izisebenzi zaloMnyango zisebenzisana noMnyango wezobuLungiswa zifundisa abaholi bendabuko nemiphakathi, kanye nabantwana besikole emiphakathini yakulendawo ukuqwashisa ngobebelesi kulendawo.

"UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi wethweswe umsebenzi wokunakekela izingane ezilinde ukuba kuthethwe amacala azo obulelesi uma zenza okuphambene nomthetho.

"Yingakho loMnyango unezinhlelo ezibhekene ngqo nezingane ezitholakala zenze okuphambene nomthetho.

Ezinye zalezi zinhlelo zaziwa ngeWake Up Call, Rhythm of Life,

In The Mirror, Reverse Your Thinking kanye ne Mind The Gap, eseqalile ukusebenza ezikhungweni zethu lapho kugcinwa khona izingane ezifana nalezi.

"SiwuMnyango sibambisene nezinhlangano ezifana noKhulisa Social Solutions kanye ne-NICRO ukulwa nobugebengu, kuthi asebegwetshiwe basizwe ukuba bashintshe izimilo, balungiselelwe ukuba bakwazi ukubuyela emiphakathini yabo, nanokuthi bangayi emajele bonke kodwa bafakwe ezinhlelweni ezizobasiza ukuba babe abantu abaziphatha kangcono.

"Izinga lokwentuleka kwemisebenzi kulomphakathi othembele kakhulu kwezolimo liphezulu, kanti lokhu kunomthelela omkhulu ekwandeni kobuphofu, ubugebengu, ukusetshenziswa kwezidakamizwa kanye nokuhlukunyezwa kwabantu

besifazane. "Kulonyaka wezimali sisebenzisana nezinhlangano ezingenzi nzuzo ezingu-8 ezisemkhakheni wokuvimba ubelelesi kanye nokunakekela abanenkinga yokwenza okuphambene nomthetho kanye nezisulu.

"Lokhu kuhlunganisa nabantu abayizisulu zodlame lwasemakhaya njengoba izibalo zikuveza ukuthi baningi kakhulu abantu besifazane kulelizwe abazithola behlukumezekile ngenxa yodlame oluhambisana nobulili bomuntu.

"Yingakho uMnyango wethu unezikhungo lapho kubhaciswa khona abazithola beyizisulu zodlame lwasemakhaya kulesi siFundazwe.

"Nakulendawo esikuyo namuhla uhlelo lwe Wake Up Call seluzithintile izimpilo zentsha, kanti ukuqwashiswa kwayo bekwenzeka esikhungweni sokuthuthukisa

intsha, iVuma Youth Academy, kwathi eNkantolo yeNkosi eNtumeni kwaqwashiswa ngokusetshenziswa kophuzo oludakayo ngokweqile, kwaphinde kwavakashelwa nezikole zendawo.

"Izibalo zithi kukhona umuntu wesifazane obulawayo emva kwamahora ayisithupha, ebulawa yisoka noma yindoda yakhe, kanti isikhathi esiningi lokhu kusuke kwenzeka endlini lapho owesifazane ehlala khona.

"Nakulesi siFunda sasoThungulu sinazo izinhlelo zokuthuthukisa intsha njengoba ibhekene nokuntula imisebenzi, okwenza igcine isiyenza izinto ezibulala ikusasa layo, njengoba siqhubeka nokukhipha imali yokuba iVuma Youth Academy iqeqeshe intsha ukuba ibe namakhono okwenza imisebenzi ezoyenza ibe abantu ngomuso," kuchaza uNgqongqoshe uThusi.



"SIDIDIYELA INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYUZILE,  
NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO  
KWEZENHLALO NEZOMNOTHO  
UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE"



# UCWANINGO LOKUHLOLA UKWANELISEKA KWABANTU NGOMSEBENZI KAHULUMENI LUQALA NGENYANGA KA-OKTHOBA KUYA KU-NOVEMBA

Izimpendulo ezinokwethembeka kwimibuzo kuyolekelela uHulumeni wesiFundazwe ukwenza izinqumo ezinesisekelo esinolwazi ekuhleleni izimpilo zezakhamizi za-KwaZulu-Natal

**A**bantu abalindeleke ukuba banikeze izimpendulo kulolu cwaningo I-CSS 2015 yiwona onke lawomalunga emizi ekhethiweyo abaneminyaka yobudala eyi-15 nangaphezulu. Laba bazobe beyingxenywe yesiqephu sabakhethiweyo socwaningo abalinganiselwa ezinkulungwaneni ezi-20 000 zemizi ekhethiweyo KwaZulu-Natal. U-Stats SA uzoqasha Abasebenzi abazovakashela lemizi ekhethiweyo ukulekelela ukugcwalisa imibuzo. Leyo mizi ekhethiweyo iyanxuswa ukuba ibambe iqhaza kulolu cwaningo olubaluleke kangaka. Izimpendulo ezinokwethembeka kwimibuzo kuyolekelela uhulumeni

wesifundazwe ukwenza izinqumo ezinesisekelo esinolwazi ekuhleleni ukuthi izimpilo zezakhamizi za-KwaZulu-Natal zibe nempilo engcono. Lolu Cwaningi i-CSS 2015 luzoqhubeka kusukela ngenyanga ka-Okthoba kuya ku-November, kanti ngalesi sikhathi abasebenzi baka-Stats SA bayovakashela amakhaya akhethiweyo bebuza imibuzo ngalolu cwaningo. Laba basebenzi bangabonakala ngokugqoka Ikhadi lokuzazisa laka-Stats SA, Okusaphinifana okugqokwa ngaphezulu (Bib), isikhwama esinegama lakwa-Stats SA, kanye ne-Kapisi lakhona ka-Stats SA. Umyango ka-Ndunankulu sewuvele usuthumele ukuxhumana

kubaholi bemiphakathi ukuba badlulisele ulwazi emiphakathini yabo ngalolu-cwaningo ukuze ikulungele ukubamba iqhaza kulolu cwaningo olumayelana nemibono yabantu. Labo ababambe iqhaza kulolu cwaningo bayonxuswa ukuba baveze ukwaneliseka kwabo, phakathi kokunye, kulezinto ezilandelayo:

- Ezezindlu
- Ezikulahlwa kwendle
- Ukuthuthwa kwemfucuzo
- Ezamandla
- Ezemfundo
- Ugesi
- Ukusebenza komthetho
- Ezokuthutha



Uma udinga olunye ulwazi oluthe xaxa, siyacela ungangabazi uthinte laba abalandelayo:

Umyango	Igama	Inombolo
Stats SA	Gabriel Dlamini	(031) 360 0600
KZN OtP	Dumisani Ngcobo	(033) 341 3457

# UMCIMBI WOKWEMBULWA KOMFANEKISO KADOKOTELE MARGARET MNCADI



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu, UDkt Nkosanana Dlamini-Zuma, iNkosi uChiliza kanye namalunga omndeni ka Dkt Margaret Mncadi ngesikhathi kwembulwa umfanekiso waleliqhawekazi lomzabalazo. **Isithombe: YOLANDA ZONDI**

UNdunankulu wakwaZulu-Natal, uSenzo Mchunu uhambele eXopho ngaphansi koMkhandlu i-Harry Gwala, ukuzokwembula isichusi sika Dokotela Margaret Chuene-Mncadi. Lapha ubehambisana noSihlalo we Khomishana we African Union (AU) uDokotela Nkosazane Dlamini-Zuma. UDokotela Mncadi wayeyisishoshovu seze politiki owaba uMongameli wokuqala we African National Congress Women's League. Wahola ukhukhulelangoqo wemashi ngo 1959 yokulwisana nokuphatha kwamapasi. Waba sohlwini lwabavukela umbuso nakuba engagwetshanga. Ngo 1960 waya ekudingesweni eSwazini.

# ITHINI IMIBONO YABANTU?



- Adheem Singh** Amandla Leadership Tata KZN Zonke Siyabonga amaqabane for Unveiling the statue of comrade Mama Margaret May her memory and contribution to free our country from Apartheid Live on Forever ALUTA  
Unlike · Reply · 2 · 14 hrs
- Erwin Palmer** Honouring our struggle heroes! These are the individuals who made our freedom we enjoy today possible. Thank you Almighty God for women and men of this calibre. Thank you leadership for fulfilling your promise.  
Unlike · Reply · 2 · 18 hrs
- Khethelo Khuzwayo** Honour our heroes and heroines, and mark their existence. so that the future generations will be curious and ask who is that, they'll know where we coming from.  
Unlike · Reply · 1 · 5 hrs
- Oj Sithole** Siyaqhuba Nkokheli  
Like · Reply · 1 · 17 hrs

# BAZIBOPHEZELE NGOKUTHULA ABAMATEKISI KWETHULWA INYANGA YEZOKUTHUTHA

**Sifisa ukubonga uNgqongqoshe Mchunu ngomsebenzi oncomekayo asewenzile kulesi siFundazwe ukuqinisekisa ukuthi kuba khona ukuthula nozinzo embonini yezokuthutha.**

## SIBONGISENI THABETHE NOTHABO MAILE

**Y**ethulwe ngesasasa iNyanga yezokuThutha ka-October esifundazweni saKwaZulu-Natal emcimbinini obuwendelwe eMbumbulu eningizimu yeTheku ngempelasonto edlule.

Lo mcimbi uthathe unyawo olwehlukile kuneminye iminyaka njengoba beluhlanganisa ukulethwa kwezinhlelo zentuthuko yomgwaqo kanye nokukhulekela ukuphepha emgwaqeni nokuthula embonini yokuthutha umphakathi.

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu umemezele ngokomthetho ukuqala kohlelo lokufakwa kwetyela emigwaqeni u-P740 ongu-16.83 km no-D985 ongu-20.8 km ubude.

Umgwaqo u-P740 usuka emgwaqeni omkhulu u-R603 eMbumbulu uhambe njalo uze uphinde uhlngane nawo u-R603 ngase-Adams Mission.

Kanti u-D985 uqala ku-P740 khona eMbumbulu uhambe uze uyofika ku-P728 eMgababa.

Lokhu kusho ukuthi uhlnganisa iTheku noGu, okwengeza emigwaqeni emikhulu engo-N2 no-R102.

"Kule migwaqo sitshale imali engu-R757.5 million ukuyakha, okuzothatha iminyaka eyisithupha ezayo ukuyiphothula.

Amathuba emisebenzi abalelwa ku-6, 490 azovela uma kwakhiwa le migwaqo," kuchaza uMchunu.

Odabeni lokuthula nozinzo embonini yokuthutha umphakathi, ikakhulukazi amatekisi, uMchunu ubonge kakhulu abanikazi bemboni ngaphansi kobuholi beSANTACO okuyibona abaqhamuke nokuthi kuke kwenziwe umkhuleko ngalesi sikhathi njengoba bebona izinkinga zingavumi ukuphela nya.

"Kuyiqiniso ukuthi izibalo zabantu abafela odlameni lwamatekisi zikhomba ukuthi sekudinga kungenelele uMdali ukuze

kuthambe izinhliziyi kubantu. Yingakho-ke siwuMnyango sizihlanganise nemikhankaso eminingi esilekelela emizamweni yethu eqhubekayo yokunqanda izingozi zomgwaqo kanye nokuletha ukuthula kanye nokubekezelelana embonini yamatekisi," kusho uMchunu.

Kube nomunyu ngenkathi uSihlalo weSANTACO esifundazweni uMnuz Boy Zondi noMongameli wayo uMnuz Philip Taaibosch abebhehambela lo mcimbi ngokulandelana bexolisa esidlangalaleni ngakho konke ukungahambi kahle okuyamaniswa nemboni yamatekisi.

"Sifisa ukubonga uNgqongqoshe Mchunu ngomsebenzi oncomekayo asewenzile kulesi siFundazwe ukuqinisekisa ukuthi kuba khona ukuthula nozinzo embonini yezokuthutha.

Njengemboni sifisa ukuzibophezela ekutheni ukusukela namuhla angeke kusaba khona gazi elizochitheka egameni lethu," kusho uTaaibosch.

Ezinye izinhlelo ezihlelelwe inyanga yezokuthutha zihlanganisa:


Ukuvulwa kweMngeni Interchange, eThekwini – ibhuloho elikhulukazi eselihambisa kalula uma uphuma edolobheni uya KwaMashu, eNanda, koPhoenix, eMhlanga, Gateway nase King Shaka International Airport; I-Nsuze River Bridge, eNkandla; Ikhovisi lamalayisensi namaphemithi (Provincial Regulatory Entity) laseMnambithi; Ukusayindwa kwezinkontileka ezintsha zamabhasi asezoqathwa abantu abamnyama; kanye Nezinhlelo zokuphepha ezihambisana nezivimbamgwaqo.




Ubuholi bendawo yaseMbumbulu kuhlanganisa amaKhosi namakhansela bahlanganyele noMnuz Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngenkathi ehlabisa isoyi lohlelo lokufakwa kwetyela kule ndawo.




Ukwethulwa kweNyanga yezokuThutha bekuhambisana nomkhuleko wokuthula njengoba uNgqongqoshe uMnuz Willies Mchunu ngokubambisana nowezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo, amakhansela nobuholi beSANTACO bekhanyise amakhandlela. **Izithombe: SBU ZUNGU**




**transport**  
Department:  
Transport  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL






**Mr. T.W. Mchunu**  
MEC: Transport,  
Community Safety & Liaison

SAKHE SAPHINDE SATHUTHUKISA IMIGWAQO YESIFUNDAZWE



- **Sakhe imigwaqo engu-1 275 km esuswe kweyibhuqu yafakelwa itiyela**
- **Sakhe imigwaqo yobhuqu emisha engu-7 100 km**



**NGOKUBAMBISANA, SENZE IZIMPILO ZABANTU ZABA NGCONO**

# LUSHAYELWE IHLOMBE UHLELO LWAMAPHUZU EZINCWADI ZOKUSHAYELA

Uma umshayeli isimisiwe ukusebenza ilayisensi yakhe kwaze kwaba yizikhathi ezintathu lokho kungaholela ekutheni aphucwe yona unomphela

## MABUYI XHOBA

Luthole ukwesekwa yizinkampani kanye neminyango eyehlukene uhlelo lokuthathwa kwamaphuzu elayisensi yokushayela olwethulwe ngokusemthethweni uMnyango wezokuThutha kaZwelonke eThekwini muva nje.

Lolu hlelo oluzaqala ukusebenza emigwaqeni kusukela ngo-April 2016 luhlose ukuqinisekisa ukugcinwa kwemithetho yomgwaqo, njengoba luzokwenza abashayeli abaphula imithetho bephindelela bagcine bephucwa amalayisensi okwesikhashana noma asulwe. Ukusebenza kwalolu hlelo olubizwa nge-Administrative Adjudication of Road Traffic Offences (AARTO) kwenganyelwe yi-Road Traffic Infringement Agency (RTIA) okuwuhlaka loMnyango wezokuThutha. Muva nje, i-RTIA ihlanganise izinhloko ezithintekayo ngokusebenza kwe-AARTO emcimbinini obuseThekwini



UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnu Willie Mchunu esayina ukuzibophezelela kwezokuphepha emigwaqeni kumqingo we-RTIA eThekwini. Ababukelayo nguSomlomo weTheku uKhanhela Logie Naidoo no-Adv Hopewell Mbatha we-RTIA.

Isithombe: SBU ZUNGU

ngenhloso yokumemezela ngokomthetho nokufundisa kabanzi ngokusebenza kwalolu hlelo. Phakathi kwabebekulo mcimbi nguNgqongqoshe wezokuThutha KwaZulu-Natal

uMnu Willie Mchunu, iNhloko yoMnyango uMnu Sbu Gumbi, uSomlomo kaMasipala weTheku uMnu Logie Naidoo, i-Chief Operations Officer ye-RTIA uMnu Thabo Tsholetsane, abemboni

yokuthutha umphakathi nabazikole zokufundisa ukushayela.

UTsholetsane wedlulisle isexwayiso kubashayeli wathi ngalolu hlelo abashayeli abaqhubeka nokwephula imithetho yomgwaqo bephindelela bangazithola sebephelelwa amaphuzu okungaholela ekumisweni kokusebenza kwelayisensi isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha.

“Uma umshayeli isimisiwe ukusebenza ilayisensi yakhe kwaze kwaba yizikhathi ezintathu lokho kungaholela ekutheni aphucwe yona unomphela bese kuthi uma esezimisele ngokuthi abe ngumshayeli futhi aqale phansi aqeqeshwe njengomuntu oqalayo ukuthola ilayisensi ukuze avunyelwe ukushayela futhi,” kuchaza uTsholetsane.

Ethula inkulamo yosuku uMchunu ubalule ukuthi inselelo ekhona ngeyokuphulwa kwemithetho ngezikhathi zasebusuku. “Amacala amaningi enzeka

kusukela ngezithuba zabo-18h00 ntambama ukuya ku-06h00 ekuseni. NjengoMnyango sesikulungele ukuqinisa emikhankasweni yezokuphepha emigwaqeni kanye nokubheka izindlela ezintsha esingazisebenzisa ukunqanda ukwepulwa komthetho emigwaqeni. Kodwa ukuze sikwazi ukuphumelela sidinga zonke izinhloko ezithintekayo nabashayeli jikelele ukuba kubanjiswane ukulungisa lesi simo,” kusho uMacingwane.

Ube esebonga abe-RTIA ngokuqalisa ngalolu hlelo lokushintsha ukuziphatha kwabashayeli emigwaqeni ngokusetshenziswa kohlelo lwe-AARTO. “Namhlanje sizibonela mathupha ukufika kwe-AARTO esifundazweni sethu okuwuphawu lokuthi siyisifundazwe siyadinga abantu esizosebenzisana nabo njenge-RTIA ukusiza ekunciphiseni ukufa kwabantu emigwaqeni,” kuphetha uMchunu.

# Ukuthuthuka komkhakha wezolimo kumele kuhambisane nocwaningo olusezingeni eliphezulu

## XOLISWA MNGUNU

Isiteshi socwaningo lwezolimo esizinze eDundee siwusizo olukhulu empakathini wesiFundani soMzinyathi namaphethelo futhi sibambe elikhulu iqhaza ekuhlomiseni abalimi ngolwazi olunembile lokuthuthukisa imisebenzi yabo.

Ubuxhakaxhaka bemishini obungaphakathi kulesi siteshi buyixoxa yonke indaba ngomsebenzi oqhubekayo kanti sidle ngobuchwepheshe besimanjemanje obenza ukuthi ucwaningo luhambe ngokushesha futhi abalimi bathole izixazululo ngokuphazima kweso ezingqinambeni abasuke bebhekene nazo.

Kusukela kubalimi, abafuyi kuzo kuyoshaya phezu kubeluleki bezolimo eMzinyathi bonke bazuza lukhulu ngalesi sikhungo.

Njengoba indlela yokusebenza yoMnyango entsha igcizelela ukuba kugxilwe kakhulu kwezesayensi nebhizinisi uma kwenziwa ezolimo lesi siteshi senza idolu liqine ekutheni izinhlelo zoMnyango zizohamba ngesivini esikhulu ikakhulukazi ohlangothini lokucwaninga ngemikhqizo ehambisana nokunotha komhlabathi ngokwezindawo.

Isiteshi saseDundee sigxile kakhulu ekuhloleni izinhlobo ezihlukahlukene zembewu ezilethwa kuso.

Imbewu entsha iqala kuso isiteshi itshalwe esigabeni sokuhlolwa ukuze kubonakale ukuthi ikhiqiza isitshalo esisezingeni elinjani.

Uma ngabe kubonakala ukuthi iyagculisa imiphumela kube sekwasiswa abeluleki ukuthi leyo mbewu ikulungele ukungena ohlotsheni lomhlabathi ebivivinywa kulo.

Lokhu kusemqoka akhulu ngoba kwenza abalimi bazi ukuthi into abayitshalayo izokwazi ukwenza umkhqizo abawulindlele ukuze bagweme ukumoshwa amandla abo nemali ngembewu ewukhamani engasizi ngalutho.

Osoyayensi bayala abalimi ukuba imbewu ethile itshalwa nini, ngasiphi isikhathi sonyaka, nokuthi bazinakekele kanjani izitshalo zabo ukuze ziphume ziphila saka futhi zinomsoco.

Zinhlanu iziteshi ezifuze lesi esiFundazweni kanti zibhekene ngqo nocwaningo oluhlobene nomhlabathi kuhlenganisa nokunakekelwa kwemfuyo ngendlela eyakha umqondo kwezebhizinisi.

Okuyikhona okubekwe eqhulwini ngeziteshi zocwaningo ukuba zisekele uMnyango emizamweni yokuphucula indlela imiphakathi yasemakhaya eyenza ngayo ezolimo futhi kutholakale izisombululo ezihambisana nendlela yakamuva yezolimo.

Minyaka yonke kubanjwa ingqungquthela yosayensi, abalimi, abafuyi nabeluleki kuhlenganisa nezinhlangano zemikhqizo eCedara lapho kusuke kucotshelwana ngolwazi mayelana nezindlela eseqhamukile zokusimamisa



UNGqongqoshe womnyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya uMnu Cyril Xaba uthathwe esikhungweni zesayensi lapho kuvivinywa khona izicelo ezifakwe yimiphakathi.

imboni yezolimo ezweni.

UNGqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnu Cyril Xaba, wamemezela ukuthi umkhakha wezolimo unethuba lokuba kube yiyona mboni ehamba phambili ekukhuliseni umnotho weNingizumu-Afrika.


Ukusungulwa kwamathuba emisebenzi kuphezulu eqhulwini kanti muva nje ukuzisebenza kwabantu basemakhaya kwezolimo begxile ebhizinisini nakho sekusemqoka kakhulu kunokuba balimele ukuzondla.

UHlelo lukaZwelonke lweNtuthuko lukusho kucace ukuthi kumelwe umkhakha wezolimo ube

usuqhamuke namathuba emisebenzi engapheli ayisigidi ngo-2030. Ngakho-ke ukuba khona kwezindawo zokuba kuqinise ezocwaningo ngezitshalo Kanye nezomfuyo akungatshazwa ukuthi kuzobamba elikhulu iqhaza ekuqinisekiseni ukuthi lo mgomo uhulumeni azibekele wona uyafazeka.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



## AMASU OKUSEBENZA

UKUDALWA KWAMATHUBA EMISEBENZI

UKUTHUTHUKISWA KWABASEBENZI

UKUTHUTHUKISWA KWABANTU  
NOMPHAKATHI

INGQALASIZINDA EMQOKA

UKUSIMAMA KWEZEMVELO

UKUBUSA KANYE NENQUBOMGOMO

UKULINGANA KWEZINDAWO

## UMBONO WEZI-2030

- Intuba yokungena E-Afrika kanye nasemhlabeni wonke
- Imiphakathi ephilile nefundile
- Indawo yokuhlala ephephile, enemphilo futhi esimeme
- Abantu abafanelekile ukuthi baqashwe bayaqashwa
- Ukusetshenziswa komcebo wemvelo ngendlela esimeme
- Umphakathi olinganayo
- Ukunikelzelwa kwezingongqangi
- Ingqalazinda esezingeni lomhlaba
- Ugqozi lwabatshalizimali
- Abasebenzi abanamakhono
- Intuthuko egxile kubantu
- Ubuholi obunamandla nobuqotho
- Ukuqiniswa kokubumbana komphakathi

## IZINHLOSO ZAMASU OKUSEBENZA

1. Ukusebenzisa amandla omkhakha wezolimo
2. Ukwenza ngcono ukuThuthukiswa koMkhakha ngokuthi kutshalwe izimali kube nohwebo
3. Ukwenza ngcono ukusebenza ngempumelelo kwezinhlelo eziholwa nguHulumeni zodala amathuba emisebenzi
4. Ukugqoguzela ama-SMME kanye nokuthuthukiswa kosomabhizinisi abasakhula
5. Ukwakha Isisekelo Solwazi ukuze Kwandiswe Ulwazi Lwezomnotho
6. Ukwenza ngcono Imfundo yaseziNkulisa, Imfundo Yasemabangeni Aphansi kanye Neyasezikoleni Ezipeakeme
7. Ukwesekela izinhlelo zokuqondaniswa kwamakhono kanye nokukhula komnotho
8. Ukwenza ngcono uhlelo lokuThuthukiswa kwamakhono eNtsha kanye nokuFunda Impilo Yakho Yonke
9. Inhlalakahle yoMphakathi kanye nokuqedwa kobutha
10. Ukwenza ngcono Impilo yeMiphakathi kanye neyeZakhamuzi
11. Ukwenza ngcono izinhlelo zokuSimamisa Ukubakhona Kokudla Emakhaya
12. Ukuhlaliswa kwaBantu okuSimeme
13. EzokuPhepha nokuVikeleka
14. Imali yokusiza kwezeNhlalo
15. Ukuthuthukiswa kweziKhumulo zeMikhumbi
16. Ukuthuthukiswa kweziKhumulo zeziNdiza
17. Ukuthuthukiswa kweMigwago kanye noJantshi beziTimela
18. Ukuthuthukiswa kweNgqalazinda yezobuChwepheshe (ICT)
19. Ukwenziwa ngcono kokuLawulwa kweMithombo yaManzi kanye nokusatshalaliswa kwaManzi
20. Ukwenziwa ngcono kokuPhehlwa kwezaMandla kanye nokusatshalaliswa kwawo
21. Ukusetshenziswa komhlaba ngendlela enenzuzo
22. Ukuqhubekela Phambili Nokuthola Ezinye Izindlela zokuPhehla Ugesi kanye Nokunciphisa Ukusetshenziswa kwaMalahle
23. Ukulawula ingcindezi ekhona kwezeMvelo
24. Ukukwazi ukubhekana nokuGuquguquka kweSimo seZulu
25. Ukuqiniswa kweNqubomgomo, Ukudidiyelwa kwaMasu Okusebenza kanye ne-IGR
26. UkuThuthukiswa kwabaSebenzikaneye Nokwandiswa kweziNtiza kuHulumeni
27. Ukuqedwa kwenkohlakalo nokukhwabanisa
28. Ukugqoguzelwa ukuBusa ngokuBambisana, ngokweLekelelana kanye nokuneSibopho sokuBika kuBantu.
29. Ukugqoguzelwa kakhulu ukugxila emisebenzini yokuThuthukisa Izindawo kanye neMisebenzi yokuDidiyela
30. UkuHlelwa kweziNdawo ngempumetelo kanye neziNhlelo zokuLawulwa koMhlaba esiFundazweni sonkana.

“SIDIDIYELA INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYUZULE, NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO KWEZENHLALO NEZOMNOTHO UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE”